

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Septuagesime, ngomhla ka 27. 01. 2013 11/2013

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 153/144
2. **Umkhuleko:** Nkosi, yeka ubukhulu bomusa wakho obagodlele wona abakwesabayo, owenzele bona ababalekela kuwe, phambi kwabantwana babantu! Amen.
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 9:24-27;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 20:1-16a.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 142/125
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuMathewu 9:9-13, lithi: *UJesu “esadlula lapho wabona umuntu othiwa uMathewu ehlezi endaweni yokuthela, wathi kuye: Ngilandele. Wasuka-ke, wamlandela. Kwathi ehlezi ekudleni endlini, bheka, kwafika abaningi abathelisi nezoni, bahlala badla noJesu nabafundi bakhe. AbaFarisi bekubona lokho bathi kubafundi bakhe: Yini ukuba umfundisi wenu adle nabathelisi nezoni na? Ekuzwa lokhu wathi: Abaphilileyo abadingi inyanga, ngabagulayo bodwa. Kepha hambani nifunde ukuba kuthini ukuthi: Ngifuna isihawu, hayi umhlatshele. Ngokuba angizanga ukubiza abalungileyo kepha izoni ukuba ziphenduke.” Amen.*
8. **Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, igama lesonto lanamuhla ngesiZulu lithi amashumi ayisikhombisa phambi komkhosi wokukhumbula ukuvuka kweNkosi. Sibona uJesu edlula ndawana thize, usebona uMathewu ehlezi endaweni yokuthela. Usembiza-ke ukuba amlandele. Lobaba wayengumthelisi, phansi

kombuso wamaRoma. Umuntu onjalo wayengathandeki kubaJuda, babebonakala njengamaqolo nabakhohlisi. Kungabantu ababi, nabangcolile. UMathewu walalela, wasuka wamlandela uJesu. Akazange angabaze ngokubuzwa kwakhe.

Namuhla uJesu uyangibiza, ubiza nawe ukuba usuke lapho uhlezi khona. Muntu weNkosi yamakhosi, kunabantu abahlezi ezonweni ezesabekayo, nabangafuni ukuhlukana nazo. UJesu namuhla uthi, “suka khona ungilandele!” Thina uqobo sisuke sisho ukuthini, uma sithi, “ngasuka ngamlandela, ngazishiya izono zami na? Ngabe kunjalo ngempela na? Ngisho lokhu esikuculayo kulelikhorasi!!!

UJesu uthi mlandele, ungalandeli uSathane, kanye nezinkanuko zenyama yakho. Kwafika abathelisi nezoni kuJesu, wahlala wadla kanye nabo, nazo. Ngani na? Ngoba ethanda ukuziphilisa, azihlanze ezonweni zabo, zazo. Nanku umbuzo uthi: Yini engangihlanza ezonweni zami na? Impendulo ithi: Yigazi likaJesu lodwa kuphela, elezimbuzi, nezinkukhu ezimhlophe, namaqhude abomvu lingeke angihlanze. Thina zoni siyabizwa nguJesu ukuba sishiye konke okusahlukanisa naye. Ngakho sabela uyabizwa. Umuntu angeke aye enyangeni, uma ephilile kahle emzimbeni, kodwa uzoya, ngoba egula. Akukho okukugulisayo wena emphefumulweni wakho na? Ngokweqiniso elingephikwe kukhona, kodwa lesisono lesisifo sesono, awuthandi, awufuni ukusiletha kuJesu ukuba akuphilise. Uzibona wena uphila, kanti uyagula. Khumbula ukuthi umvuzo wesono ungukufa, kepha isipho somusa sikaJesu esiyintethelelo yezono, singukuphila okuphakade. Kulendaba, uJesu uveza umsebenzi wakhe awuzela lapha emhlabeni, wezela izoni ukuba siphenduke ziphile. Futhi inyanga uLuka evangelini lakhe uthi: “Kushunyayelwe egameni lakhe ukuphenduka, kube ukuthethelelwa kwezono ezizweni zonke, kuqaliwe khona emzini okhanyayo, iJerusalema phela.

Ngelinye ilanga uJesu uthi: “Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo, nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza , khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo.” Woza-ke kanye nami siye kuye uMsindisi wethu! UDavide wafihla isono sakhe sokuphinga nenkosikazi leyo yomakhelwane wakhe, ngisho uMhethi, kodwa wehluleka ukumfihlela uNkulunkulu. Kodwa yena wacabanga ukuthi ufihlile konke. Wakhohlwa ukuthi umuntu wokuqala ombonile

nguNkulunkulu, yena wayethi uhlakaniphile. Isizulu sithi: Ukuhlakanipha kuyaphela, kodwa ubuthutha abupheli. Nawe namuhla uthi uyazi, uhlakaniphile, kodwa awazi lutho. Futhi amaphika-nkani afela enkanini. Bandla, ake sikhumbule impukane inenkani, iyaye isuke iphuze obisini, ifike khona idle, noma iphuze, kodwa bseicwila ifele khona. Ithi yona ihlakaniphile iyazi. Hayi-bo! Masingafani nayo thina, masingabi okhuzwayo. Masihlakaniphe kuhle kwamaguba, singafeli ezonweni, ngoba sithi siyazi, sihlakaniphile. Abakholwa nguJesu ubapha amandla ukuba babe abantwana bakaNkulunkulu. Sifunani thina, ngoba nabaprofethi bafakaza ukuthi ngegama lakhe bonke abakholwa nguyey bayakwamukela ukuthethelelwa kwezono.

Bandla leNkosi, iso leNkosi liphezu kwabayesabayo nabathemba umusa wayo ukuba ikhulule imiphefumulo yabo ekufeni nasemandleni kaSathane. Isono siyinto esihluphayo sonke, siyalingwa njalo, uSathane uyasizingela, ufana nengonyama elambile, ufuna ukusidla, asiqede sonke. Nangu-ke uMsindisi wethu osilwelayo kulobuqili bukaSathane. Izingelo zikaSathane noma inceku zakhe, azisijabuleli, ziyakhononda ngathi, ikakhulu ngalokhu esikhona ngomusa kaNkulunkulu.

Yebo bandla, uJesu uthi: Lababantu adla nabo bayagula, akazihlanganisi nabo, ngoba ethi bahle, ngokunjalo uJesu uzihlanganisa nathi esidlweni, ngoba sigula efuna, ethanda ukuba asiphilise, asithethelele izono zethu. UJesu ufana nenyanga ethintana nabagulayo, ngoba efuna ukubelapha. Khumbula phela, uNkulunkulu ufuna uthando, hayi umhlatshele. UJesu uzihlanganisa nathi, ngoba esihawukela, futhi esithanda. UJesu umema abantu abiyizoni, ebamemela ekuphendukeni. Umuntu oyisoni, uma ezinikela kuJesu ephenduka ezonweni zakhe, noma ebe mubi kangakanani, ubamuhle kuJesu. Thina sazi ukuthi umuntu ojwayelene nabantu ababi uba mubi naye. Kodwa-ke lomuntu, uma ephethe ivangeli likaJesu, labantu bayaphenduka, bashiye konke okubi, beze eNkosini. Vuma phela uthi: Somlandela uJesu yonke indawo, lapho eya khona, somlandela.

Bandla, ake sivume, thina esikhatheleyo nesisindwayo yizono, novalo lokufa, nokulingwa kwenyama ukuthi siyamswela uMkhululi wethu, uJesu Kristu. Muntu kaNkulunkulu, uma usindwa, uzwa ubuthakathaka bakho, hamba-ke ngenjabulo

uvume ukuphunyuzwa nokudududzwa kanye nokuqiniswa. Ngoba phela, uma ufuna ukulindela, kuze kususwe lokho kuwe, ngisho isono, uze ube ngohlazekile nofanele ukuza esakramenteni uyakumelwe ukuhlala ngaphandle kwalo, kuze kube phakade.

Ngoba yena uquma ngokuthi: Nxa uhlanzekile uqotho, awusweli-lutho kimi futhi nami anginandaba yalutho kuwe. Ngakho abathiwa abangafanele yilabo kuphela abangazizweli ukugula kwabo nabangafuni ukuba izoni. UKristu ubizela kuye izoni zonke azethembise impumuzo, acophelele ukuba bonke abantu beze kuye, bavume ukusizwa nguye, azinikeze kubo ezwini afune ukuba balizwe, bangavali izindlebe zabo, bangadelele izwi, adlule athembise nokusebenza kukaMoya oNgcwele, neselekelelo sikaNkulunkulu ekuqiniseni, nensindiso yaphakade. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, mina ngithe ovalweni lwami, ngixoshiwe emehlweni akho. Nokho walizwa izwi lokunxusa kwami ekukhaleni kwami kuwe. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 148/138

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyozethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2006 ngu-M. E. Mkhabela

Ukucindezelwa nokuthunywakwezintshumayelo kuyasekelwayinhlangano ethiwa:

Lutheran Heritage Foundation.